**ISITATIMENDE SABEZINDABA ESIHLANGANYELWE: UMNYANGO OPHENYA AMACALA ENKOHLAKALO (I-IDAC) NOPHIKO LWEMALINGENISO EQOQWAYO LWASENINGIZIMU AFRIKA (U-SARS)**

**01 kuMfumfu 2024**

**UMSUNGULI WEZINHLELO ZE-TV NASOLWA NABO BAVELE ENKANTOLO NGELOKUKHWABANISA INTELA**

Umsunguli owaziwayo wezinhlelo zikamabonakude nosomabhizinisi, uDumakude Mayivuke Ndlovu kanye nababili asolwa nabo, u-Rodney Mutsharini, isisebenzi sezentela obhalisiwe olekelele uNdlovu ngezindaba zeNtela Yengeniso Lomuntu (i-PIT) kanye no-Maxwell Mloyi, ongumsebenzi wezentela ongabhalisiwe kodwa owalekelela uNdlovu ngezindaba zeNtela Yengeniso Lenkampani (i-CIT), bavele enkantolo ebheka amacala obugebengu obukhethekile i-Palm Ridge Specialised Commercial Crime Court ngamacala ayi-18 okukhwabanisa intela ngentela kaNdlovu yengeniso lomuntu nelenkampani elinganiswa ku-R26 million.

Laba abathathu bakhalelwa amasongo kasigonyela mhla zingama-30 kuMandulo 2024 bathweswa ngokusemthethweni amacala ngezenzo abasolwa ngazo. UMutsharini noMloyi bavele kafushane ngosuku abakhalelwa ngalo amasongo kasigonyela kanti icala labo lahlehliselelwa inamhlanje, mhla lu-1 kuMfumfu 2024 ukuze bafake isicelo sebheyili ngokusemthethweni. Kanti uNdlovu yena uvele okokuqala enkantolo namuhla wafaka nesicelo sebheyili ngokusemthethweni. Inkantolo inike uNdlovu ibheyili ka-R100 000 kanti uMutsharini noMloyi banikwe ibheyili ka-R50 000 umuntu emunye. Icala lihleliselwe umhla ziyi-11 kuLwezi 2024 ukuze kuqhutshelwe nophenyo. Inkantolo iyalele uMloyi noMutsharini ukuba babuyise amadokhumenti abo okuhambela ngaphandle, babike eziteshini zamaphoyisa eziseduze nabo njalo ngoMsombuluko kanti uma kwenzeka befisa ukuhamba beqe imingcele yezwe kuzodingeka ukuba bafake isicelo enkantolo. Kanti uNdlovu yena uyalelwe ukuba abike esiteshini samaphoyisa esise-Sandton njalo ngoMsombuluko noma ngoLwesithathu, azise umabhalane wenkantolo ngoguquko ekhelini lakhe laKwaZulu Natali futhi kumele athumele isicelo enkantolo uma efisa ukuhamba eqe imingcele yaseNingizimu Afrika.

Ukukhalelwa kwabo amasongo kasigonyela nokuvela kwabo phambi kwenkantolo kube umphumela wokusebenzisana phakathi koPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) kanye noMnyango Ophenya Ngamacala Obugebengu (i-IDAC) ye-NPA, okuyibo ababambe lokhu kusebenzisana okusolwayo phakathi kwalaba abathathu ngokuhlanekezela iqiniso ngezindaba sentela zikaNdlovu nezenkampani yakhe.

Emva kokuqokwa kukaMongameli u-Cyril Ramaphosa njengoMongameli weRiphabhulikhi, wasungula ikhomishana ebizwa nge-Commission of Inquiry ekuLawulweni nokuPhathwa kweNtela kwa-SARS emva kwalokho waqoka iJaji u-Robert Nugent njengoKhomishana. Mhla zingama-25 kuNhlaba 2018, iJaji Nugent wenza izincomo wophenyo okumele lwenziwe ngezinsolo zokukhwabanisa obusolekayo, inkohlakalo, kanye nokungahambisi kahle lapho kuqokwa abahlinzeka ngomsebenzi lapho kubhekwa ukuphulwa koMthetho Wokulawulwa Kwezimali Zikahulumeni ngaphakathi kwa-SARS. Emva kwalokho, i-IDAC ibe isigunyaza uphenyo ngokuklonyeliswa kwezinkontileka okwenziwa u-SARS, kanti noKhomishana wakwa-SARS waziswa ngalolu phenyo ngenhloso yokusebenzisana nokwabelana nokushintshiselana ngolwazi.

Uphenyo olwenziwe ngokubambisana phakathi kwezikhungo zombili luveze ukuthi inkampani eyingxenye yophenyo, i-Bain and Company, yaklonyeliswa inkontileka yokuhlinzeka ngosizo kwa-SARS. Le nkampani kusolwa ukuthi yaklomelisa enye inkampani ngenkontileka ngaphansi kwayo eyaziwa nge-Ambrobite (Pty) Ltd, manje eseyaziwa ngeKanoboya

Consulting (Pty) Ltd, umnini wayo okunguNdlovu, ukuba ihlinzeke ngosizo lwamasu okulawula nokuphathwa kwamaphrojekthi phakathi kwesikhathi esisukela kuLwezi 2013 kuya kuMandulo 2016. Kodwa-ke lokhu kwahlanekezelwa uNdlovu nesisebenzi sakhe sezentela, u-Maxwell Mloyi, ngenkathi bethumela amafomu ngemininingwane ngentela kwa-SARS. UMloyi benoNdlovu badalula kwa-SARS ukuthi inkampani ibingasebenzi nokuthi azange ihwebe ngesikhathi sentela sowezi-2013 kuya kowezi-2017, okuholele ekutheni u-SARS ulahlekelwe imali.

Mayelana nentela yengeniso lakhe, kwatholakala ukuthi yena no-Rodney Mutsharini bahlanekezela iqiniso lapho bebuyisa amafomu ngemininingwane yentela yomuntu yesikhathi esisuka kowezi-2016 kuya kowezi-2019.
Ngaphezu kwalokho, bathumela amafomu ngemininingwane yentela yengeniso lakhe onyaka wezi-2020 nowezi-2022, kodwa bangawathumela awangowezi-2021, okwaholela ekutheni u-SARS aphinde alahlekelwe imali futhi. Ngenxa yalawa macala aolwayo, uSARS ulahlekelwe isamba semali esilinganiselwa ku-R26 million.

I-IDAC no-SARS bazoqhubeka nokusebenzisana. Lokhu kusebenzisana kulekelela Abaphoqeleli Bomthetho ukuba babhekekane nezindaba ngokuphelele.

Imibuzo:
Henry Mamothame
Okhulumela i-IDAC
082 317 5731

Kanye no-

Siphithi Sibeko
Okhulumela abakwa-SARS
072 381 5139